


USimangaliso uhlala eLimpopo esigodini esakhelene nomfula.

Abantu bakholwa ukuthi unamandla okwenza imilingo.

Bonke abantu bakule ndawo bahlala bekhuluma ngaye.



USimangaliso uthanda ukucula ngezwi elihle elipholile. Uhlala ehlathini lapho eculela khona izinyoni nezilwane.

Uthanda ukucula uma seliyoshona ilanga. Abantu basuka ezindaweni ezikude ukuzomlalela.



USimangaliso unezinwele ezinde ngokungavamile.
Uyakwazi ukuzishintsha ngendlela athanda ngayo.
Kwesinye isikhathi wenza zinyamalale ziphinde futhi zivele.

Njalo uma ecula izinwele ziyahlakazeka zivale ubuso bakhe.



Zonke izinsuku uSimangaliso uyahamba azungeze ihlathi.

Uyakwazi ukuzwa uma kukhona ingozi ezayo.

Uyakwazi nokubona uma kukhona umuntu oza kuye ngenhloso yokwenza okubi.



Ngelinye ilanga, uSimangaliso wathatha isinqumo sokuthi ayobona ukuthi baphila kanjani abantu ngaphesheya komfula omkhulu.

Wanquma ukuthatha uhambo.

Kwathi angafika phezu komfula omkhulu, wazibuza, “Ingabe ngizowela kanjani?”



Wathi ukucabanga kancane wase ememeza, “Amandla! Amandla!”

Ngokushesha, kwavela ibhuloho.

Wakwazi ukuwelela ngaphesheya komfula waqhubeka nohambo lwakhe. Wahamba waya kude nehlathi ayelijwayele.



USimangaliso wazizwa ekhathele. “Ngidinga indawo engizophumula kuyo,” wacabanga.

Wamemeza, “Amandla! Amandla!”

Ngokushesha kwavela utshani bamzungeza. Wahlala phansi waphumula phezu kotshani obuhle obuluhlaza.



Wazizwa eselambile. “Ngikude nehlathi. Ngabe ngizokutholaphi ukudla?” wazibuza.

Wakhotha izindebe zakhe wamemeza, “Amandla! Amandla!”


Ngokushesha, kwavela amabhodwe, izitsha nezinkomishi.



Ukudla ayekuthanda kwavele kwagcwala amabhodwe kanjalo neziphuzo.

Wazitika ngokudla neziphuzo.

Kusenjalo, wezwa umsindo.



USimangaliso wavele wezwa ukuthi kukhona umuntu ozayo engakafiki eduze kwakhe.

Wamemeza, “Ngubani lowo?”

“Yimina. Igama lami nguBusi,” kuphendula intombazane ngezwi elincane.

USimangaliso wayazi ukuthi uBusi wayeze ngobuhle.



“Ngedukile,” kusho uBusi.

“Woza uzodla futhi uphuze nami!” kusho uSimangaliso. UBusi wazitika ngokudla waze wasutha.

Bahlala baxoxa. UBusi waxoxela uSimangaliso ukuthi wayeduke kanjani.



USimangaliso naye waxoxela uBusi ngohambo lwakhe lokuzothola ukuthi abantu baphila kanjani ngaphesheya komfula.

Kwaba mnandi ukuhlala ndawonye bexoxa sebengabangani. Wamoyizela futhi uSimangaliso wamemeza, "Amandla! Amandla!"

UBusi wahamba ephephile waze wayofika ekhaya.